




Ukucula Iqiniso


Le ncwadi ngeka



Uyacelwa ukuba uthumela sengane evule leli khathi ku- pic@bookdash.org
noma kungosi yezokuxhumana kwezikaqedisizungu ku- [@bookdash](https://www.bookdash.org)









Ukucula Iqiniso: indaba ka-Miriam Makeba

Illustrated by Louwrisa Blaauw

Written by Jade Mathieson

Designed by Bianca de Jong

with the help of the Book Dash participants in Cape Town on 30 August 2014, listed here: bookdash.org/20140830-cape-town

ISBN: 978-1-928318-21-7

This work is licensed under a Creative Commons Attribution 4.0 Licence (<http://creativecommons.org/licenses/by/4.0/>). You are free to share (copy and redistribute the material in any medium or format) and adapt (remix, transform, and build upon the material) this work for any purpose, even commercially. The licensor cannot revoke these freedoms as long as you follow the following license terms:

Attribution: You must give appropriate credit, provide a link to the license, and indicate if changes were made. You may do so in any reasonable manner, but not in any way that suggests the licensor endorses you or your use.

No additional restrictions: You may not apply legal terms or technological measures that legally restrict others from doing anything the license permits.

Notices: You do not have to comply with the license for elements of the material in the public domain or where your use is permitted by an applicable exception or limitation.

No warranties are given. The license may not give you all of the permissions necessary for your intended use. For example, other rights such as publicity, privacy, or moral rights may limit how you use the material.





Ukucula Iqiniso

Indaba ka-Miriam Makeba





Kudala, kudolobhakazi laseGoli,
kwazalwa ingane yentombazane.
Le ngane kwabe kuyimina. Umama
wangiqamba igama wathi
ngingu-Miriam. U-Miriam Makeba.







Umama wabe eyisangoma, futhi
esebenza ukuhlanza izindlu zabanye
abantu. Kwabe kunzima kakhulu
kumama ukuthola imali ezosanela
sobabili. Waqala wadayisa
umqombothi ukuze sizakhele imadlana.







Imithetho yezwe yabe ibeka ukuthi
ukudayisa umqombothi akufanele.
Amaphoyisa ambopha umama
izinyanga eziyisithupha. Ngabe
nginezinsuku eziyi-18 nje kuphela futhi
ngidinga imali. Nakuba ngabe
ngiyingane, nami ngavalelwa ejele.







Ngisemncane bengikuthanda
kakhulu ukucula. Kwathi lapho
sengikhulile, ngasiza umama ukuhlanza
izindlu. Ukucula amaculo ngesikhathi
ngisebenza kwakwenza umsebenzi
usheshe futhi nezinsuku zibe
nokukhanya. Ukucula kwakungijabulisa
ngendlela engingakwazi ukuyichaza.







Ngangicula nasesontweni lami, futhi
lokhu kwakujabulisa nabanye.
Umculo unamandla okuhlanganisa
abantu ndawonye. Ukucula
kwakusiqinisa futhi kusinika isibindi.







Abantu bethi iphimbo lami liyisipho
futhi izingoma zami zazikhethekile.
Ngangicula nabanye abaculi futhi
umculo wethu ulalelwa
umhlaba wonkana.







Ekhaya kwakuse-Sophiatown, indawo
yamasiko nomculo. I-Sophiatown,
indawo lapho abantu baseNingizimu
Afrika babecula khona ngokuthula
badanse ndawonye.

Kodwa abantu ababephethe izindawo
ngaleso sikhathi babengathandi uma
sihlangene ndawonye.

Labo ababebusa babengathandi
abantu abamnyama nabamhlophe
bazwane.







Ngangazi ukuthi akulungile ukucwasa
abantu ngoba benebala elingafani.

Angizange ngikufihle engabe
ngikholelwa kukhona, ngakho-ke
labo bantu ababephethe ngaleso
sikhathi babefuna ngiphume kulelizwe.

Ngesikhathi ngicula e-America,
ngatshelwa ukuthi ngeke ngiphinde
ngibuyele ekhaya.







Abantu emhlabeni wonke bayizwa le
ndaba yami. Amaculo ami nendaba
yami yasiza abantu abaningi ukuba ba-
bone ukuthi kwakungekho ukuphathwa
ngendlela efanayo eNingizimu Afrika
kulabo bebala elimnyama. Ngakhetha
ukuqhubeka nokucula ngikhuluma
iqiniso ngezwe lami, ngingakhathali.








Umhlaba wawuthanda umculo wami
futhi ngamukelwa emazweni aman-
ingi. Ngaklonyeliswa ngezindondo futhi
ngaculela abantu ababalulekile emhla-
beni jikelele. Ngabe ngiphila kahle,
kodwa kukhona okwabe kushoda.
Ngangingakwazi ukucula ezweni lami,
futhi abantu khona babengakhululekile.







Kwase kufika usuku lokukhanya
ngesikhathi u-Nelson Mandela eba
ngumongameli waseNingizimu Afrika.
Kwaphatha abanye abantu abasha
futhi imithetho ebandlululayo yadlula
nesikhathi esidala. Ekugcineni
ngabuyela ekhaya nginethemba elisha
enhliziyweni.







Ngemuva kwalokho ngase ngiyakwazi
ukucula, ezweni elikhululekile futhi
elingacwasi. Abantu bebala elingafani
babethokozela umculo ndawonye.
Ngasiza ukufeza lokhu ngaba ngangi-
nesibindi futhi ngiqinile. Ngangicula
ngeqiniso ezingomeni zami zonke.

